



Ukukhetha izincwadi nengane yakho

Abanakekeli bezingane bangafeza indima ebaluleke kakhulu ekusizeni izingane zikhethe izincwadi ezizozenza "zinamathele" ekufundeni nasezindabeni. Ngokwesibonelo, kubalulekile ukuba izincwadi zabantwana nezezingane eziya enkulisa zibe ngolimi lwasekhaya uma kungenzeka. Ukufunda ngolimi lwakho lwasekhaya kujulisa ukuqonda, ulwazi nesifiso sokufunda ukuqhubeka ufunda. Izincwadi ezingenamagama ezinezithombe zikunika ithuba lokuxoxela ingane yakho indaba ngendlela yakho. Ingane yakho nayo ingazakhela ezayo izindaba. Izincwadi ezingenamagama zikahle kakhulu ezinganeni nakubantu abadala abakhuluma izilimi ezihlukahlukene.



Choosing books with your child

Caregivers can play a very important part in helping children choose books that will get them "hooked" on reading and stories. For example, it is very important that books for babies and pre-schoolers are in their home language wherever possible. Reading in your home language deepens understanding, knowledge and the desire to keep reading. Wordless books with pictures give you the chance to tell a story to your child in your own way. Your child can create their own stories too. Wordless books are great for children and adults who speak different languages.

Izincwadi zabantwana nezingane ezincane

- ★ Abantwana bathanda izithombe ezinemibala egqamile noma ezinombhalo olula.
- ★ Abantwana bathanda isigqi solimi kanye nokulalela izinto eziphindaphindwayo nezivumelanayo.
- ★ Izingane ezincane zijabulela izincwadi zezithombe ezinemilozelo, imidlalo yamagama kanye namagama avumelanayo.
- ★ Izingane ezincane zijabulela nezincwadi ezinamagama anesigqi naphindaphindayo.

Books for babies and young children

- ★ Babies like brightly-coloured pictures or photographs with simple text.
- ★ Babies love the rhythms of language and listening to repetition and rhyme.
- ★ Young children enjoy picture books with lullabies, wordplay and rhymes.
- ★ Young children also enjoy books in which the text has a strong rhythm and repetition.



Khetha izinto ezihlukahlukene

- ★ Khetha izincwadi ezinezinto eziwayelekile ezinganeni zakho – ngokwesibonelo, ezinamakhaya abukeka njengamakhaya akubo, futhi indaba izenze zikwazi ukwenza izinto ezizaziyo ekuphileni noma ezihlangebezana nazo.
- ★ Khetha izincwadi ezikhuluma ngezinto ezintsha ukuze izingane zakho ziithande izindawo namasiko-mpilo ahlukahlukene.
- ★ Khetha izincwadi ezihlukahlukene njengezinezindaba zesikole, izindaba zomkhathi, izindaba zemindeneni nezabangane, izindaba zezemvelo, izindaba zomlando, ukuthatha uhambo, amaphupho nezinto eziyinqaba.



Choose variety

- ★ Choose books that have things that are familiar to your children – for example, the homes look like their homes, and the story lets them explore life events they know about or come across.
- ★ Choose books about new things so that your children become interested in different places and cultures.
- ★ Choose different kinds of books like school stories, space stories, family and friendship stories, nature stories, stories about history, adventures, fantasy and mysteries.



Ukufundela ukuba nolwazi

- ★ Izincwadi ezikhuluma ngokuphila kwansuku zonke – njengokufika kwengane entsha emndenini, ukudivosa kwabazali noma into evivinya ubungane – zingasiza izingane ziqonde indlela ezizizwa ngayo futhi zibhekane nezinsalele.
- ★ Ezinye izincwadi zingakusiza nawe ukuba uxoxe ngezinto ezibangela amahloni noma ezinzima, njengezocansi, ukugula nokufa.
- ★ Izincwadi zolwazi zivusa uthando ngezinto ezenzeka kwezemvelo nasemhlabeni ongokoqobo.
- ★ Ukufunda ngezindaba zabantu abakupolitiki, kwezobuciko, umculo, ezokwelapha nesayensi kungakhuthaza intsha ukuba yenze isinqumo ngalokho engakwenza ngokuphila kwayo.
- ★ Izincwadi zolwazi zandisa ulwazi lwezingane, futhi zifunda ngokuthi zingalutholaphi futhi kanjani ulwazi.

Reading for information

- ★ Books about everyday life – like a new child in the family, parents' divorce or a test of friendship – can help children understand their feelings and cope with challenges.
- ★ Some books can also help you to talk about things that may be embarrassing or difficult, like sex, illness and death.
- ★ Information books awaken interest in the natural and physical world.
- ★ Reading about the experiences of people involved in politics, art, music, medicine and science can motivate young people to decide on what to do with their lives.
- ★ Information books broaden children's knowledge, and they learn about where and how to find information.



Drive your
imagination



IT STARTS WITH
A STORY.
KUQALA
NGENDABA
EXOXWAYO.

Ishalofu lezincwadi lakwaNal'ibali

Siyakuthanda lokho okushicilelayo!

AbakwaJacana bahlinzeka izincwadi ezihlukahlukene zabafundi abasebancane ngezilimi ezihlukahlukene. Nazi izincwadi zabo ezimbalwa zezingane.



JACANA MEDIA
20 YEARS
of
INDEPENDENT
PUBLISHING

Nal'ibali Bookshelf

We like what you publish!


Jacana offer a wide selection of books for young readers in a range of languages. Here are a few of their books for children.

Woza Sihambe

Indaba nemifanekiso nguMarianne Bester noShayle Bester

Kule ndaba esankondlo evela ezintokazini zandawonye zakwaBester ezawina imiklomelo, iNkonkoni engumama itshela ingane yayo ukuba iqede ukudlala ngoba sekuyisikhathi sokuhamba. Kodwa ingane ayikakulungeli lokho. Njengoba umdonsiswano uqhubeka, sithola ukuthi empeleni iNkonkoni neDube ziyalishiya ikhaya lazo zithuthela endaweni entsha.

Iyatholakala nangesiBhunu, isiXhosa nangesiZulu.



Time to Go

Written and illustrated by Marianne Bester and Shayle Bester

In this poetic story from the award-winning Bester sisters, a mother Wildebeest calls her child to finish playing because it is time to go. But the child is not ready. As the push and pull continues, we learn that the Wildebeest and Zebra are in fact leaving their home behind to move to a new place.

Also available in Afrikaans, isiXhosa and isiZulu.


UShudu uthola umlingo wakhe

Indaba nguShudufhadzo Musida

Imifanekiso nguChantelle noBurgen Thorne

Kule ncwadi enhle ebonisa isibindi, uMiss South Africa, uShudufhadzo Musida, uxoxa indaba yokukhula kwakhe ebuntwaneni. Funda ngendlela uShudu anqoba ngayo ukudabuka kwakhe nezinsalela zakhe futhi wakhula waba yintombazane, wayeseba umuntu omdala, ofunde ukuzithanda!

Iyatholakala nangesiBhunu, isiXhosa isiZulu, isiSuthu nangesiVenda.



Shudu Finds her Magic

Written by Shudufhadzo Musida

Illustrated by Chantelle and Burgen Thorne

In this courageous and beautiful book, Miss South Africa, Shudufhadzo Musida, tells the story of her childhood. Read how Shudu overcomes her sadness and her challenges and grows into a girl, and then into an adult, who has learned to love herself!


Also available in Afrikaans, isiXhosa, isiZulu, Sesotho and Tshivenda.

UNicholas Neziqhwaga

Indaba nemifanekiso nguNiki Daly

Ubhekana kanjani neqembu leziQhwaga ngosuku lwakho lokuqala esikoleni? UNicholas ubhekene neqembu leziqhwaga, kuhlangukisa uCharlie Omkhulu, uJake Okhohlakele, uReggie Isigilamkhuba futhi, okubi nakakhulu, kukhona nomholi wabo wentombazane, uCindy Crocker. Kodwa ngokusebenzisa ikhono lakhe nobuciko, uNicholas ekugcineni uthola ukuhlonishwa yilezi ziQhwaga futhi uba umngane wazo omusha oyisimanga.

Iyatholakala nangesiBhunu, isiXhosa nesiZulu.



Nicholas and the Wild Ones

Written and illustrated by Niki Daly

How do you deal with a bunch of Wild Ones on your first day at school? Nicholas is faced with a gang of bullies, including Big Charlie, Mean Jake, Wedgie Reggie and, worst of all, their girl leader, Cindy Crocker. But by using his talent and creativity, Nicholas eventually wins the respect of the Wild Ones and makes a surprising new friend.

Also available in Afrikaans, isiXhosa and isiZulu.



Bewazi nje?

Iqoqo Lezindaba Ezifundwa Kuzwakale seliyatholakala ku-Ethnikids!

Itholakala ngazo zonke izilimi ezisemthethweni zaseNingizimu Afrika

Available in all official South African languages

Did you know?

Our Read-Aloud Story Collection is now available at Ethnikids!

Faka esakho isicelo sencwadi ngekhompiyutha ku-www.ethnikids.africa!

Order your copy online at www.ethnikids.africa!

Drive your imagination

USosayensi Owalibaleka
Indaba kaSaul Sithole

Indaba nguLorato Trok

Lena yindaba kasosayensi omnyama owafeza indima ebalulekile ekutholeni ulwazi ngendlela abantu, umphakathi namasiko-mpilo okwathuthuka ngayo (anthropology) kanye nangezinyoni (ornithology). Le ncwadi isitshela ngendima yakhe ekuqoqeni lolu lwazi, isazisa ngomsebenzi awenza ekuphileni kwakhe futhi ichaza indaba eyoshukumisa izizukulwane ezizayo zososayensi.

Iyatholakala nangesiBhunu, isiXhosa, isiZulu, isiSuthu nangesiPedi.

UWanda iQhawe

Indaba nguSihle Nontshokweni noMathabo Tlali
Imifanekiso nguChantelle noBurgen Thorne

Lona nguWanda nekhanda lakhe lezinwele elikhazimulayo. UWanda nomngane wakhe uNkiruka bame beqinile nangesibindi lapho bebhekene nenselele enkulu. Incwadi ethi uWanda iQhawe ibungaza amandla entombazane futhi isikhumbuza ukuthi isibindi nobungane kungakwenza ube namandla!

Iyatholakala nangesiBhunu, isiXhosa nesiZulu.

Ndiza! Thoko

Indaba nemifanekiso nguNiki Daly

Umlobi wakho omthandayo wezincwadi zezingane ubuye neqhawekazi elihle lendawo, uThoko! Kulezi zindaba ezine ezifundeka kalula, landela uThoko njengoba eqaphela ukuthi ubuhle abuphathelele nendlela obukeka ngayo. UThoko uhlangana nesoka elisha likanina, futhi ukucoca ibhishi kuholela emsebenzini wobuciko wokuguqulwa kwezinto ezindala zibuye zisetshenziswe.

Iyatholakala nangesiBhunu, isiXhosa nesiZulu.

Wozani, Namukelekile

Indaba nguKaren Theunissen

Imifanekiso nguMiriam Mathosi

Le ncwadi enezithombe ezivumelanayo ixoxa ngendaba yabangane abakhulu ababili ababhekana nempatho engenakulunga nebuhlungu endaweni yokudlala ngenxa yokuthi babukeka bengafani.

Iyatholakala nangesiBhunu, isiXhosa, nesiZulu.

The forgotten scientist
The story of Saul Sithole

Written by Lorato Trok

This is the story of a black scientist who played an important role in finding information about how people, society and cultures develop (anthropology) and about birds (ornithology). This book tells us about his role in gathering this information, shares his life's work and lays out a story that will inspire future generations of scientists.

Also available in Afrikaans, isiXhosa, isiZulu, Sesotho and Sepedi.

Wanda the brave

Written by Sihle Nontshokweni and Mathabo Tlali

Illustrated by Chantelle and Burgen Thorne

Meet Wanda with her glorious head of hair. Wanda and her friend Nkiruka stand strong and brave in the face of a big challenge. Wanda the Brave is a celebration of girl power and is a reminder that courage and friendship can make you powerful!

Also available in Afrikaans, isiXhosa and isiZulu.

Fly High! Thoko

Written and illustrated by Niki Daly

Your favourite children's author is back with his delightful local heroine, Thoko! In these four easy-to-read stories, follow Thoko as she realises that beauty is not about how you look. Thoko meets her mama's new boyfriend, and cleaning up the beach leads to a creative recycling project.

Also available in Afrikaans, isiXhosa and isiZulu.

Take Your Place, You Belong

Written by Karen Theunissen

Illustrated by Miriam Mathosi

This rhyming picture book tells the story of two best friends who face unfair and hurtful treatment on the playground because they look different to one another.

Also available in Afrikaans, isiXhosa and IsiZulu.

UMTILIZO
WEZINCWADI!

INal'ibali ihlanganisa iminyaka eyi-10 ikhona kulo nyaka! Ingabe unendaba emnandi ongasixoxela yona ngeNal'ibali?

Sithumelele indaba yakho enamagama ayi-100 futhi ungase uthole incwadi yabakwaJacana eyisipho sokugujiwa kweminyaka eyi-10 yeNal'ibali!

BOOKS UP
FOR GRABS!

Nal'ibali is turning 10 years old this year! Do you have a good story to tell us about Nal'ibali?

Send us your 100-word story and you could get a Jacana book as a gift for Nal'ibali's 10th anniversary!



Okwenza sidinge izincwadi

Sifunda ukuzithanda izincwadi lapho sizizwa sixhumene nazo. Izingane ezincane kudingeka zizibuke izincwadi, zithinte ikhava namakhasi, ziwahogele, futhi abantwana ngezinye izikhathi bayazihlafuna! Ngisho nabantu abadala bayayihogela incwadi entsha asebezoyifunda. Kubalulekile ukuba izincwadi zibe yinto yansuku zonke ekhaya lakho ukuze umndeneni wakho ukwazi ukuxhumana nazo!



Why we need books



We learn to love books when we feel connected to them. Young children need to look at books, touch the cover and pages, smell them, and babies sometimes chew them! Even adults smell the pages of a new book that they are about to read. It is important that books become everyday objects in your home so that your family can connect with them!

★ **Funda izincwadi nsuku zonke ukuze ukhulise uthando lwakho lokufunda.** Fundela izingane zakho ngokuzwakalayo nsuku zonke – ngisho nemizuzu eyi-15 kuphela. Izingane eziningi ziyakuthanda ukufundelwa ngaphambi nje kwesikhathi sokulala, kodwa akunandaba uma nje nifunda izincwadi ndawonye nsuku zonke.



★ **Read books every day to grow your love of reading.** Read aloud to your children every day – even for just 15 minutes. Most children enjoy being read to just before bedtime, but it doesn't matter when you read books together each day.



★ **Tholani izincwadi ezintsha ukuze nandise ukucabanga nolwazi lwenu.** Vakashelani elayibhrari lendawo yakini noma esitolo sezincwadi futhi nihole izincwadi ezinhlobonhlobo nabalobi eningazijabulela.

★ **Discover new books to expand your imagination and knowledge.** Visit your local library or a bookshop and discover different types of books and authors to enjoy.



★ **Xoxani ngezincwadi ukuze nixhumane njengomndeneni.** Xoxa nezingane zakho ngokuthi luhlobo luni lwezincwadi nezindaba ezizithandayo: izincwadi ezinika ulwazi, izindaba zokuthatha uhambo, amaphupho, izindaba ezingokoqobo, izindaba eziphathelele nokuphila kwansuku zonke noma lezo ezikhuluma ngamaqhawe nezigebengu.

★ **Talk about books to connect as a family.** Talk to your children about which kinds of books and stories they like: information books, adventure stories, fantasy, true stories, stories about everyday life or ones with heroes and villains.

★ **Khethani izincwadi ezizovusa ilukuluku.** Lapho seziqala ukuzifundela ngokwazo, siza izingane zakho ukukhetha izincwadi ezingenzima kakhulu kuzo.



★ **Choose books to spark your interest.** When they start to read on their own, help your children to choose interesting books that are not too difficult for them.



★ **Yabelanani ngezincwadi ukuze niseze nabanye bafunde ngokwengeziwe.** Hlanganani nabangane nezingane zabo futhi nichithe isikhathi nabelana ngezindaba, nifundelana futhi nixoxa ngezincwadi nezindaba.

★ **Share books to help others read more.** Get together with friends and their children and spend time sharing stories, reading to each other and talking about books and stories.

★ **Bukezani izincwadi ukuze nikhuthaze nabanye bafunde.** Khuthaza izingane zakho ukuba zibhale umbiko obukeza incwadi mayelana nencwadi eziyithanda kakhulu bese ziwubeka lapho abanye bezowufunda khona, noma ziwuthumele kwaNalibali ukuze ushicilelwe kuwebhusayithi yethu noma kulesi sithasiselo.



★ **Review books to motivate others to read.** Encourage your children to write a book review of their favourite book and then place it where others can read it, or send it to Nalibali to publish on our website or in this supplement.

➔ **Sithumeleleni imibiko yenu yokubukeza ngeimeyili ku-info@nalibali.org noma niyithumele ngeposi kuleli kheli The Nalibali Trust, 2 Dingle Avenue, Cnr Rosmead Avenue, Kenilworth, 7708.**

➔ **Email your reviews to us at info@nalibali.org or post them to The Nalibali Trust, 2 Dingle Avenue, cnr Rosmead Avenue, Kenilworth, 7708.**

Khulisa ilayibhrari yakho. Zenzele ezakho izincwadi EZIMBILI ozozisika uzikhiphe bese uzigcina

1. Khipha ikhasi lesi-5 ukuya kwele-12 alesi sithasiselo.
2. Iphepha elinamakhasi 5, 6, 11 kanye nele-12 lenza incwadi eyodwa. Iphepha elinamakhasi 7, 8, 9 kanye nele-10 lenza enye incwadi.
3. Sebenzisa iphepha ngalinye ukuze wenze incwadi. Landela imiyalelo engezansi ukuze wenze incwadi ngayinye.
 - a) Songa iphepha libe nguhhafu ngokulandela umugqa wamachashazi amnyama.
 - b) Lisonge libe nguhhafu futhi ulandele umugqa wamachashazi aluhlaza okotshani.
 - c) Sika ulandele umugqa wamachashazi abomvu.



Grow your own library. Create TWO cut-out-and-keep books

1. Take out pages 5 to 12 of this supplement.
2. The sheet with pages 5, 6, 11 and 12 on it makes up one book. The sheet with pages 7, 8, 9 and 10 on it makes up the other book.
3. Use each of the sheets to make a book. Follow the instructions below to make each book.
 - a) Fold the sheet in half along the black dotted line.
 - b) Fold it in half again along the green dotted line.
 - c) Cut along the red dotted lines.



Drive your imagination

"But it is MINE! I found it and I won't let anyone take it. IT IS MINE!"

"No, it isn't, silly!" Ma's voice said inside her head. "The right thing to do is the only thing to do!"

Quickly, Lifa took the parcel out of her drawer, got on a chair and hid it high up on top of the cupboard. Then she waited for Ma to come home. She spent the day arguing with herself.

Think of all the things they could do if she kept it. But no. That was stealing. If she kept it, maybe it was enough for Ma to give up work. But even that thought did not bring her happiness.

But ... she couldn't escape that voice ... "The right thing to do is the only thing to do!"

"Kodwa NGELAM! Ngizicoshela futhi ngeke ngivumele muntu alithathe. LITHI MINAI!"

"Cha, akulona elakho, usile!" kushe izwi likaMama ngaphakathi ekhanda lakhe. "Into efanele okumele uyenze yiyo kuphela okumele uyenze!"

Ngokushesha, uLifa wakhapha iphasela edroweni lakhe, wagibela esitulweni futhi walifihla le phezu ngaphesvu kwekhabethe. Wayeselinda ukuba uMama wakhe abuye ekhaya.

Wachitha usuku lonke ezibuza eziphendula. Cabanga ngazo zonke izinto ababengazenza ukube babeyigcinile. Kodwa cha. Wukuntshontsha lokho. Ukube wayeyigcinile, mhlawumbe yayiyokwanela ukuba uMama ayeke umsebenzi. Kodwa ngisho nalowo mcabango awumlethelanga injabulo.

Kodwa ... lelo zwi alizange lihluwane naye ... "Into efanele okumele uyenze yiyo kuphela okumele uyenze!"

HEARTLINES
The Centre for Values Promotion



Ukuze uthole eminye imininingwane sicela uthumele i-imeyili ku-info@heartlines.org.za noma ushayele ucingo ku-(011) 771 2540. For more information please email info@heartlines.org.za or phone (011) 771 2540.

Yenza indaba ibe mnandi!

- ★ Dweba isithombe sezinto ocabanga ukuthi uLifa wazithenga ngemali yakhe yomvuzo.
- ★ Cabanga ngokuthi umuntu othile ubuyisa into ethile ekulahlekele. Bhala incwadi yokumbonga lowo muntu oyibuyisile.
- ★ Ukanye nomngane noma ilungu lomndeni, lungiselelani uhlu lwemibuzo engase ibuzwe yintatheli kuLifa. Bese niyashintshana ngokwenza sengathi omunye uyintatheli noLifa engxoxweni yemibuzo nezimpendulo.

Get story active!

- ★ Draw a picture of the things you think Lifa bought with her reward money.
- ★ Imagine that someone returns something that you've lost. Write a letter to thank the person who gave it back.
- ★ With a friend or family member, prepare a list of questions that a news reporter could ask Lifa. Now take turns to pretend to be the reporter and Lifa in an interview.

UNal'ibali umkhankaso kazwelonke wokufundela ukuzithokozisa wokokhela inhlansi nokuzinzisa isiko lokufunda eNingizimu Afrika yonkana. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-www.nalibali.org noma www.nalibali.mobi



Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark and embed a culture of reading across South Africa. For more information, visit www.nalibali.org or www.nalibali.mobi



Drive your
imagination


Obekulahlekile Kwaphinde Kwatholwa NguLifa



Lifa's Lost and Found Sindiwe Magona • Heather Iggulden

Imibono okungaxoxwa ngayo: Uma umuntu omaziyo elahlekelwa yinto ethile bese wena uyayithola, iba ngekabani manje? Wazi kanjani ukuthi yini efanele okumele uyenze? Kungani ngezinye izikhathi singavumelani ngokuthi yini "efanele"?

Ideas to talk about: If someone you know loses something and you find it, to whom does it belong now? How do you know what is the right thing to do? Why do we sometimes disagree about what the "right thing" is?




As she stood there, Lifa thought about what she held in her hands. Her heart was thudding louder than a cowhide drum. She clutched the parcel tightly against her chest and ran home. She raced inside, and closed and locked the door. Safe!

But home did not feel quite safe anymore. Not with Mr Mzi's parcel there. It was as though she was being watched. Even the walls seemed to have eyes! Lifa stuffed the parcel under a pile of clothes in her drawer. But she couldn't relax. What if someone had seen her pick up the parcel? What if they guessed what was inside? And came and asked for it? Or took it by force?



“Kwaze kwaba usuku olubi!” uLifa ecabanga.
“Ngafa ukubhoreka. Kanti kusewusuku lokuqala ngqa lwamaholide!” ULifa waqhubeka ebuka izinhlelo ze-TV. Wabe esezwa umnyango ukhala uvuleka waphinde wabhaklazeka uvaleka.
Wagxuma wama ngezinyawo futhi wagijima waya ewindini ukuze alunguze. Kwakumane nje kunguMkhulu uMzi okhonondayo owayehlala endlini yesibili ukusuka ekhaya.
UMkhulu uMzi wehla ngezitebhisi ephethe amaphasela ngesandla, nesikhwama, isixha sokhiye kanye namaphepha athile ngesinye isandla. Wakhahlela isango lavuleka futhi wahamba waqonda kuyiMazda emnyama eyayipakwe ngaphandle nje kwesango. ULifa wabukela njengoba uMkhulu uMzi ebeka iphasela phezu kophahla lwemoto, wavula isicabha esingasemuva wajikijela isikhwama nazo zonke ezinye izinto esihlalweni esingasemuva.



Usuku lwaqhubeka luhamba kancane. ULifa akakwazanga ukudla noma ukudlala noma ukuthatha isihlwathi. Akakwazanga ukubuka iTV, ukufunda incwadi noma ukushanela phansi. Kanti uMama uzobuya nini ekhaya?

Ekugcineni, lapho nje ilanga lisithela ngale kwezakhiwo ezikude, uMama wavula umnyango wangaphambili.

ULifa wagxuma. “Mama!” ememeza. “Shesh! Woza uzobona! Phuthuma!”

UMama waqhunswa amehlo lapho ebheka ngaphakathi ephaketheni. Wathula du isikhathi eside. Akathanga vu. Ngokuphazima kweso uLifa waqonda ukuthi yini okwakumele ayisho. “Mama, uhlale uthi, ‘Intro efanele okumele uyenze yiyo kuphela okumele uyenze!’ ehleba.

UMama wakhokha umoya – othatha isikhathi eside, othambile nowokukhathala. Wavala amehlo futhi wangekuzisa ikhanda kancane. “Ngizaziziqhenya ngawe, Lifa,” esho.

The editor wrote another article encouraging others to turn in things they had found.

Pets, belts, wallets and sometimes even cell phones were brought in until the newspaper could not cope with all the items and asked Lifa to help out.


Today, you will see a newspaper column called “Lifa’s Lost and Found”. And next to the column is a photo of a smiling girl. That is Lifa!



Lezi zintwanyana ezibomvu zakhula zaze zaba yizimbali ezinhle okuthiwa ngama-fire lilies, zinde futhi zihle phezulu zinezimbali ezigobile ezinesikhala phakathi.

The little bits of red grew and grew until they became beautiful fire lilies, tall and elegant with drooping red bells for flowers.

Lots more free books at bookdash.org



Yenza indaba ibe mnandi!

- ★ Dweba iphosta ebonisa izindlela ezi-5 zokuvimbela imililo yequbula.
- ★ Umlilo ungaba usizo futhi ube yingozi kakhulu. Bhala inkondlo ngemibono emibili engafani mayelana nomlilo.
- ★ Yenza ucwaningo ezincwadini noma ku-inthanethi mayelana nezitshalo ezidinga umlilo ukuze ziveze izitshalo ezintsha.

Get story active!

- ★ Draw a poster that shows 5 ways to prevent wildfires.
- ★ Fire can be helpful and very dangerous. Write a poem about these two opposite views of fire.
- ★ Do research in books or on the internet about plants that need fire to grow new plants.


UNal'ibali umkhankaso kazwelonke wokufundela ukuzithokozisa wokokhela inhlanga nokuzinzisa isiko lokufunda eNingizimu Afrika yonkana. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-www.nalibali.org noma www.nalibali.mobi



Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark and embed a culture of reading across South Africa. For more information, visit www.nalibali.org or www.nalibali.mobi



Drive your imagination



Imithambeka yentaba yayimnyama. Lapho sihamba entabeni, sasibona nje amadwala nezihlahla ezishile. Sadumala kakhulu. Kwathi ngolunye usuku... kwavela izintwanyana ezibomvu phakathi kwendawo emnyama. "Bhekani, bhekani. Yini leyanana?"

The slopes of the mountain were black. When we walked on the mountain, all we could see were rocks and burnt bushes. We were very sad. Until one day... tiny bits of red popped up through the black. "Look, look. What is that?"



Kunomlilo Entabeni




There's a Fire on the Mountain

Julie Smith-Belton • Kirsty Paxton
Nadene Reignier


Imibono okungaxoxwa ngayo: Imililo yequbula iyisabisa kakhulu. Ingabe wena noma umuntu othile omaziyo wake wathinteka emlilweni wequbula? Ucabanga ukuthi yini engenziwa ngemililo evame ukubhubhisa imizi kanye nemvelo?

Ideas to talk about: Wildfires are terribly frightening. Have you or someone you know been affected by a wildfire? What do you think can be done about the fires that regularly destroy homes and vegetation?



Mina nabangane bami sinomdlalo
esithanda ukuwudlala.

My friends and I have a game we like
to play.



Soon the mountainside was covered
with plants we hadn't seen for years.
The mountain is full of new life!



Ngemva kwezinsuku ezintathu ezinde,
amalangabi okugcina acisha. Izicishamilo
zazingaphumula ekugcineni.

After three long days, the last flames were
out. The firefighters could finally rest.



Kwase kuvela izimbali ezinkulu, ezibomvu
phakathi kohlaza zaba njengezintabamilo.
Zazibukeka njengamapayipi awugqinsi,
abomvu anezinto ezicijile eziyelo phezulu
nezimbali ezinkulu, ezibomvu.
Iziqophu zohlaza zakhula zaqaqela intaba,
zagquka izindawo ezimnyama zaba utshani
obuluhlaza nezihlala ezimfushane.

Soon the mountainside was covered
with plants we hadn't seen for years.
The mountain is full of new life!



Abantu babaleka. Bathatha masinyane
izincwadi zabo nezikhwama babaleka
basuka entuthwini nasemalangabini.
And people *did* run. They grabbed their
books and bags and ran away from the
smoke and the flames.



“Kunomlilo entabeni. Balekani, balekani!”
“There’s a fire on the mountain. Run, run!”



Then came the big, red flowers bursting
through the green like volcanoes. They
looked like thick, red tubes with yellow-
topped spikes and big, red petals.
Dots of green grew up all over the
mountainside, turning the black into green
grasses and little bushes.



Ngokushesha umthambeka wentaba wagcwala
izitshalo okwase kuyiminyaka eminingi singaziboni.
Intaba igcwele ukuphila okusha!

Big, old buildings burned, books burned,
trees and grasses burned. Helicopters tipped
water onto the fire, and brave firefighters
blasted their hoses.



Izakhiwo ezinkulu, zakudala zasha, izincwadi
zasha, izihlahla notshani kwassha. Izindiza
ezingojekamanzi zathela amanzi emliweni futhi
izicishamlilo ezinesibindi zawavulela kakhulu
amapayipi azo.

Kwathi ngolunye usuku kwaba nomlilo
wangempela entabeni. Kwakuwumlilo
omubi kakhulu owavutha isikhathi eside.



Then one day there was a real fire on
the mountain. It was a terrible fire that
burned and burned.


Then there were asparagus ferns unfolding in wet patches after the rain.

Kwase kumila izimbali okuthiwa ngama-asparagus fern
ezindaweni ezimanzi ngemva kwemvula.

Kwamila nama-watsonia amade
anombala owolintshi nophinki.

And the tall watsonia in orange and pink.





Njengoba ayemi lapho, uLifa wacabanga ngalokho
ayekuphethe ezandleni zakhe. Inhliziyo yakhe
yayishaya kakhulu ukudlula isigubhu sesikhumba
senkomo. Walibamba walinginisa iphasela esifubeni
sakhe, wagijima waya ekhaya. Wagijima wangena
ngaphakathi, wavala futhi wakhuya umnyango.
Wayesephephile!
Kodwa ikhaya alibange lisabukeka liphephile. Uma nje
iphasela likaMkhulu uMzi liselapho. Kwakusengathi
kukhona okumbhekile. Ngisho nezindonga zazibukeka
ngathi zinamehlo!
ULifa wafihla iphasela ngaphansi kwengwaba
yezimpahla edroweni lakhe. Kodwa
akakwazanga ukuphuma.
Kuthiwani uma kukhona
umuntu ombonile lapho
ecosha iphasela?
Kuthiwani uma
eqagelle ukuthi
linani phakathi?
Futhi eze
ezolitfunat? Noma
alitathathe ngenkani?

The day crawled by. Lifa could not eat or play or
take a nap. She could not watch TV, read a book or
sweep the floor. Oh, when would Ma come home?
Finally, just as the sun dipped down behind the far
buildings, Ma opened the front door.
Lifa jumped up. “Ma!” she shouted. “Quickly! Come
and see! Hurry!”
Ma’s eyes grew bigger when she looked inside the
parcel. She was quiet for a long time. She did not say
anything.
And suddenly Lifa knew what she had to say.
“Mama, you always say, ‘The right thing to do is the
only thing to do,’” she whispered.
Mama sighed – a long, soft and tired sigh. She
closed her eyes and slowly shook her head. “I am so
proud of you, Lifa,” she said.

Umhleli wabhala esinye isihloko ekhuthaza nabanye
ukuba babuyise izinto abazitholile.

Izilwane zasekhaya ezifuyiwe, amabhande, amawalethi
futhi ngezinye izikhathi ngisho nomakhalekhukhwini
balethwa kwaze kwaba yilapho iphephandaba
selingasakwazi ukusingatha zonke izinto futhi lacela
uLifa ukuba asize.

Namuhla, uzobona
ingosi yephephandaba
ebizwa ngokuthi
“Obekulahlekile
Kwaphinde
Kwatholwa NguLifa”.
Futhi eduze nale
ngosi kunesithombe
sentombazane
emamathekayo.
NguLifa lowo!



“What a dead, dull, day!” Lifa thought. “I am so
bored. And this is only the first day of the holidays!”

Lifa carried on looking through the TV guide. Then
she heard a door creak open and quickly bang shut
again. She leapt to her feet and ran to the window
to take a peek. But it was only grumpy old Mr Mzi
who lived two houses away.

Mr Mzi walked down the steps clutching an armful
of parcels in one arm, and a briefcase, a bunch of
keys and some papers in the other. He kicked the
gate open and walked towards the black Mazda
parked just outside his gate. Lifa watched as Mr Mzi
put one parcel on the roof of the car, opened the
back door and flung the briefcase and all the other
things onto the back seat.

“Oh, no!” Lifa gasped. She quickly opened her door and ran out of the house shouting, “Wait, Mr Mzi, wait,” waving her arms wildly. But the car disappeared around the corner as the parcel skidded across the roof of the black car and fell off onto the road.

Lifa bent down to pick up the parcel. The paper on the side had ripped open. Lifa nearly fell over with shock. So-ooo mu-uch money!

For a long moment, Lifa stood rooted to the spot. She was sure Mr Mzi would soon be back. “Surely he’ll come back for his parcel,” she said.

But Mr Mzi did not come back.

Kodwa uMkhulu uMzi akabuyanga.

lakhe,” esho.

ngokushesha. “Nakanjani uzobuya ezofuna iphasela W’ayeqiniseka ukuthi uMkhulu uMzi wayezobuya Isikhathi eside, uLifa wama phuhle kuleyo ndawo.

ukushaqeka. Isizumbulu semali!

lalidabuke laivuleka. ULifa wacishe wawela phansi

ULifa wagoba walithatha iphasela. Iphapha elingaseceleni

lishela ophahleni lwemoto emnyama liwela emgwaqweni.

Kodwa imoto yasithela ekhoneni njengoba iphasela

“Yima, Mkhulu Mzi, yima,” ephakamisa izandla kakhulu.

ngokushesha futhi waphuma egijima endlini ememeza,

“Hawu!” uLifa ekhokha umoya. W’avula umnyango

“Hawu, kukhona akukhohliwe,” kusho uLifa ngokuzwakalayo lapho ebona uMkhulu uMzi egijima ebuyela endlini. Ngesikhashana nje, waphinde waphuma. Wangena emotweni, wadumisa injini ... imoto yasuka ngejubane.



“O-oh, forgot something,” Lifa said aloud when she saw Mr Mzi run back into the house. In seconds, he was out again. He slid into the car, started the engine ... and the car sped away.

Ngingayibala? Ngaphambi kokuba siyise kuMkhulu uMzi, ngicela ukuyibala? ‘Tu?’

UMama wamamatheka. Kwadingeka asize uLifa ukubala imali. Yayiyiminingi kakhulu ukuba uLifa azibalele yona ngokwakhe. “Amarandi ayizinkulungwane ezingamashumi amahlanu!” UMama washo ngezwi eliphansi. “Angikaze ngibone imali eningi kangaka kukho konke ukuphila kwami!”

ULifa wangekuzisa ikhanda. “Ngicabanga ukuthi uMkhulu Mzi uzojabula kakhulu ukuphinde ayibone!” uMkhulu uMzi wajabula kakhulu. Ngalo bo busuku wathengela uLifa nonina izibiliboco zesidlo sakusihlwa. Futhi wanika uLifa umvuzo omkhulu ngokwethembeka kwakhe – amaphesenti ayishumi aso sonke isamba semali. Wawubiza ngokuthi yimali yalowo oyitholile. UMkhulu uMzi walandisa indaba kaLifa, umsamariya olungileyo, ephaphandabeni lendawo. Indaba kanye nesithombe siKaLifa kwavela ekhasini lokugala lephaphandaba, futhi wabizelwa esiteji esikoleni futhi wanikezwa umklomelo ngenxa yokwethembeka. Kodwa indaba ayiphelile lapho!

“Can I count it? Before we take it to Mr Mzi, can I count it? Please?”

Ma smiled. She had to help Lifa count the money. There was too much for Lifa to count all by herself.

“Fifty thousand rand!” Ma said in a hushed voice. “I have never ever seen that much money in my entire life!”

Lifa shook her head. “I guess Mr Mzi will be very glad to see it again!”

Mr Mzi was overjoyed. He bought a huge supper for Lifa and her mother that night. And he gave Lifa a handsome reward for her honesty – ten per cent of the full amount. He called it a finder’s fee.

Mr Mzi told the story of Lifa, the good samaritan, to the local newspaper. The story and Lifa’s picture was on the front page of the newspaper, and she was called onto the stage at school and given an award for honesty.

But the story does not end there!



Masisebenzisane NgoSuku LoMhlaba

Kulo nyaka uSuku LoMhlaba lungolwesihlanu, mhla zingama-22 kuMbasa 2022.

- Wusuku lapho:
- ★ singafunda futhi sifundisane khona ngezinkinga zezemvelo ezithinta iplanethi yethu;
 - ★ singahlela khona ukuba wonke umuntu, ikakhulu abezepolitiki nabamabhizinisi, ukuba bathathe isinyathelo sokulungisa lezi zinkinga; futhi
 - ★ singagubha khona futhi siqinise lokho esiye sakwenza ukusiza ukuba kuhlengwe iplanethi yethu.

Uyakhumbula yini indlela okwakushisa ngayo ekuqaleni konyaka? Kwabuye kwaba nezikhukhula eMpumalanga, KwaZulu-Natali, eFree State, e-Eastern Cape naseWestern Cape. Indaba ethi *Kunomlilo entabeni*, imayelana nomlilo wequbula owaba seTable Mountain eCape Town ngomhla ka-18 April 2021.

Amagciwane eCorona anjenge-bird flu, i-swine flu neCovid-19 ayizifo ezithathelwanayo eziye zasakazeka zisuka ezilwaneni zaya kubantu ngenxa yokufuya izilwane eziningi endaweni encane, kanye nokuthenga nokuthengisa izilwane zasendle. Izinkathi zokushisa okweqile, izikhukhula, imililo yequbula nobhubhane lwezifo kuyindlela yomhlaba yokusitshela ukuthi indlela esisebenzisa nesiphatha ngayo imithombo yemvelo ibhubhisa imvelo. Ngakho, singahlangabezana kanjani nesidingo sawo wonke umuntu sokudla, amanzi nogesi ngaphandle kokonakalisa umhlaba? Thina bantu kudingeka sishintshe indlela esenza ngayo ibhizinisi, indlela esiqonda ngayo ingcebo nempumelelo kanye nendlela esinakekela ngayo bonke abantu emhlabeni wonke. Lapho sisiza ukuba umhlaba welapheke, sizosiza ukunciphisa nokuhlehlisa ubumpofu nokushintsha kwesimo sezulu. Wonk'umuntu angafeza futhi kufanele afeze ingxenye yakhe.




Join hands on Earth Day

This year **Earth Day** falls on Friday, 22 April 2022.

- It is a day when we can:
- ★ learn and teach each other about environmental issues that affect our planet;
 - ★ organise ways to get everyone, especially politicians and businesses, to take action to address these issues; and
 - ★ celebrate and strengthen what we have done to help save our planet.

Izilwane zidinga indawo ezizohlala kuyo

U-75% wezifo ezintsha ezithathelwanayo uvela ezilwaneni



75% of new infectious diseases come from animals

Animals need space to live

Do you remember how hot it was at the beginning of the year? There were also floods in Mpumalanga, KwaZulu-Natal, the Free State, the Eastern Cape and the Western Cape. The story, *There's a Fire on the Mountain*, is about a wildfire on Table Mountain in Cape Town on 18 April 2021.

Coronaviruses such as bird flu, swine flu and Covid-19 are infectious diseases that have spread from animals to humans because of farming many animals on smaller pieces of land, and buying and selling wild animals.

Heatwaves, flooding, wildfires and disease pandemics are the earth's way of telling us that the way we use and manage resources is destroying the environment.

So, how can we meet everyone's need for food, water and energy without harming the earth? Humans need to change the way we do business, how we understand wealth and success and how we care about all people all over the world. When we help to heal the earth, we will help to slow and reverse poverty and climate change. Everyone can and should play a part.

Izinto ongazenza ngoSuku loMhlaba



What can you do on Earth Day?

Nciphisa, sebenzisa ngokuphindiwe, futhi kushintshe ukusebenzise ngenye indlela.

Nciphisa izinto ozilahlayo.

Reduce, reuse, and recycle.

Cut down on what you throw away.

Fundisa.

Yabelana nabanye ngalokho okwaziyo. Yabelana nabanye, shintshanani noma unikele ngezincwadi nomagazini.

Educate.

Share what you know with others. Share, swap or donate books and magazines.

Thenga ngokuhlakanipha.

Nciphisa ipulasitiki oyithengayo. Zisebenzise ngokuphindiwe izikhwama zokuphatha lapho uthenga.

Shop wisely.

Buy less plastic. Reuse shopping bags.

Yonga amanzi.

Awekho amanzi amahhala. Ndawana-thile umuntu othile uwukhokhela intengo lo mthombo oyigugu.

Save water.

There is no free water. Somewhere someone is paying the price for this precious resource.

Tshala isihlahla.

Izihlahla zihlinzeka ukudla ne-oksijini, umoya ohlanzekile, zibamba umhlabaathi ungahambi futhi ziyikhaya lezinambuzane, izinyoni nezilwane ezincane. Zama ukutshala izihlahla EZIMBILI ngesihlahla NGASINYE esigawulwayo.

Plant a tree.

Trees provide food and oxygen, clean the air, hold the soil in place and are a home for insects, birds and small animals. Try to plant TWO trees for every ONE cut down.

Yiba yivolontiya.

Volontiya ukuhlanza umphakathi wakini, ibhishi noma usebe lomfula.

Volunteer.

Volunteer to clean up your community, a beach or riverbank.

Cima izibane!

Cima izibane lapho uphuma egunjini.

Lights out!

Put lights off when you leave the room.

Nciphisa ukushayela.

Uma kungenzeka, sebenzisa ibhayisekili noma uhambe ngezinyawo ukuya esikoleni, ezitolo nakubangane bakho.

Drive less.

If you can, use a bicycle or walk to school, the shops and your friends.

PHILISANANI KAHLE NEMVELO.
VIKELA IZINTO EZISENGOZINI ENKULU.
THATHA ISINYATHELO NGOKUSHESHA
NANGETHEMBA!



MAKE PEACE WITH NATURE.
PROTECT THE MOST VULNERABLE.
ACT WITH URGENCY AND HOPE!



Drive your imagination



Ihora lomlingo



NguThato Kgaje ■ Imifanekiso nguNatalie noTamsin Hinrichsen

Esikhathini esingekudala kakhulu, empeleni ngesikhathi lapho ukhokhokazi wami eseyintombazane, unukhu nonkomazi babengabangane.

Ngolunye usuku, lapho behamba emasimini, uNkukhu wathintitha izimpaphe zakhe futhi watshikizisa nomsila wakhe onezimpaphe. Wayengahlalisekile. UNkomazi wakubona lokhu njengoba ayetshisa ngesineke.

"Kwenzenjani, Nkukhu?" Kubuza uNkomazi enyakazisa umsila.


"Uyakuzwa lokho?" UNkukhu waqalaza emasimini, wabuye wabhaka uNkomazi.

"Cha," kusho uNkomazi. "Kukhona okumele ngikuzwe?" UNkomazi wajikisa ikhanda lakhe walibhekisa le nale ukuze insimbi endala enkulu esentanyeni yakhe ikhale kakhulu. Yenza umsindo omkhulu kakhulu owagcwala wonke amasimu anamazolo.

"Yilokho kanye engikushoyo," kusho uNkukhu. "Ayikho eminye imisindo yezilwane kuleli pulazi. Ucabanga ukuthi kungani kunjalo?"

UNkomazi waqhubeka etshisa njengoba esacabanga ngalo mbuzo.

"Kungenxa yokuthi," uNkukhu ephazamisa ngendelelo ukucabanga kukaNkomazi, "umninipulazi uhambise bonke abangane bethu nomndeni emadeleni."



UNkomazi wethuka kakhulu kangangoba wagwinya umetshiso wakhe ngomthamo owodwa omkhulu. Lokhu kwamenza wabhodla kakhulu ngendlela engenazizotha!

"Kudingeka sibaleke ngoba omunye wethu uzolandela! Kudingeka sihambe ngaphambi kokuba lokho kwenzeke," kusho uNkukhu.

"Sibaleke?" kubuza uNkomazi ebheka uNkukhu ngamehlo amakhulu.

"Yebo, kumele sibaleke namuhla ebusuku! Kodwa kumele siqaphele umninipulazi. Kumele siqikelele ukuthi akasizwa futhi akasiboni lapho sihamba," kusho uNkukhu. UNkomazi wanqekuzisa ikhanda evuma.

Ngalobo busuku, lapho nje kucisha izibani endlini yasepulazini futhi bezwa umninipulazi esehona, uNkukhu noNkomazi baphuma bahamba.

UNkukhu wasebenzisa uqhawaku lwakhe ukuze abambe izinsimbi zingashayani entanyeni kaNkomazi. Kwakumele bangenzi umsindo kangangokunokwenzeka uma babefuna ukubaleka kwabo kube yimpumelelo.

Lapho sebesehlathini Elikhulu Elihlaza, uNkukhu wayiyeka insimbi kaNkomazi futhi bama bathula du balalela okwesikhashana. Babengazi ukuthi babeyaphi futhi babethukile.

Egatsheni elingenhla kwabo, bezwa ukumemeza kukankonjane.

Webantu bambe! Ngilapha! Ngilapha phezulu! Ingabe nidukile ...?" UNkonjane efuna ukwazi.

"Cha, asidukile. Siyabaleka epulazini ngoba umninipulazi uhambise bonke abangane bethu nomndeni emadeleni. Omunye wethu, uma kungekhona

ukuthi sobabili, uyalandela, ngakho sinqume ukubaleka," kuphendula uNkukhu.

"Akuhlakaniphile, neze," kumemeza uNkonjane engenhla. "Ihlathi Elikhulu Elihlaza ligcwele izilwane zasendle futhi yilesi sikhathi okuhambahamba ngaso amakati amakhulu efuna isidlo esimnandi – njengonkomazi noma unukhu omnandi. Ngingase ngithi, nibalekela isimo esibi niya kwesibi nakakhulu."

"Nokho, asinakubuyela emuva ..." kusho uNkomazi, eqalaza ngokukhathazeka.

"Kungani?" kusho uNkonjane. "Okumele nje nikwenze, wukubonisa umninipulazi ukuthi kukhona indlela engcono."

"Indlela engcono?" kubuza uNkukhu. Wayengakukholwa lokho ayekuzwa.

"Yebo," kusho uNkonjane. "Khumbula ukuthi ngingumeluleki weNkosi. Ngiyazazi lezi zinto. Kudingeka nibonise umninipulazi inzuzo yenu yiqobo."

Ngabo bonke lobo busuku laba abathathu bahlala ndawonye becabanga futhi bexoxa futhi beza neqhinga.

Manje-ke, ngenhlalhla Lelihlathi Elikhulu Elihlaza laliyindawo yomlingo lapho noma yini yayingenzeke, ngakho uNkonjane wathumela zonke izinyoni zaleli hlathi ukuba ziyobutha izimbewu zemifino eziningi kangangokunokwenzeka.

Lapho zonke izimbewu sezibuthiwe ngokucophelela, uNkonjane wabuka laba bangane ababili.

"Kumele nithathe zonke lezi zimbewu nibuyele nazo epulazini futhi nizitshale emasimini umninipulazi awalungiselele. Kodwa imbewu ngayinye kumele ibe semhlabathini ngaphambi kwehora lomlingo." UNkonjane wabuka uNkukhu noNkomazi, wayesebuka phezulu enyangeni. "Kumele nisheshe. Kunezimbewu eziningi lapha kanti isikhathi sincane."

UNkukhu noNkomazi bazabalaza ukuzithwala zonke izimbewu bona nje bobabili, kodwa kwathi kungakabiphi base bematasa emasimini betshala izimbewu ngokushesha ngangokunokwenzeka.

Lapho nje uNkukhu esegqiba izimbewu zokugcina ngenhlathi, ihora lomlingo lashaya futhi uNkulunkulu wavula isibhakabhaka. Kwana imvula eshaya kancane emasimini ayesanda kutshalwa futhi zonke izinhlobo zezimbewu zaqala ukuqhuma nokukhula. Ngokushesha imifino yakhula yonke indawo. Amasimu omninipulazi abukeka kahle kakhulu.

Lapho umninipulazi ephuma eya emasimini akhe ekuseni ngalelo langa, akakukholwanga lokho akubona. Akukhona nje kuphela ukuthi kwakunobhasikidi bemifino emisha beklele emigqeni eqondile, kodwa futhi kwakunamaqanda

amaningi kanye namabhakede amaningi obisi olusha. UNkukhu noNkomazi babemi eduze nalapho bebukeka beziqhenya kakhulu, futhi umninipulazi wayazi ukuthi konke lokhu kwakungumphumela wokuzikhandla kwabo.

Umninipulazi wayegcwele ukubonga okukhulu futhi kusukela ngalolo suku kuqhubeke, umninipulazi, uNkukhu noNkomazi bahlala ngokujabula ndawonye epulazini.



Yenza indaba ibe mnandi!

- ★ Khetha ingxenye yendaba engenawo umfanekiso bese udweba isithombe sayo. Kopisha amazwi endaba ahambisana nesithombe sakho noma ucele othile ukuba akusize ukwenza lokhu. Namathisela ikhasi elinendaba ngezansi kwesithombe sakho.

- ★ Yenza sengathi unguNkomazi noNkukhu. Bhalela uNkonjane incwadi yokubonga ngokukusiza kwakhe.
- ★ Qala ingadi yakho encane ebhodloleni lepulasitiki. Lalisa ibhodlela ngohlangothi bese usika uhlangothi olungaphezulu. Faka umhlabathi okahle ebhodloleni. Tshala obhontshisi abambalwa bese ubanisela. Beka ingadi yakho elangeni.



Drive your
imagination



The magic hour

By Thato Kgaje ■ Illustrated by Natalie and Tamsin Hinrichsen



Not so long ago, in fact in the time when my great-great-grandmother was a young girl, a chicken and a cow were friends.

One day, as they walked along the fields, Chicken fluffed her feathers and wiggled her tail feathers. She was fidgety. Cow noticed this as she slowly chewed her cud.

"What is wrong, Chicken?" Cow asked while she swished her tail.


"Do you hear that?" Chicken looked around the fields, and then back at Cow.

"No," said Cow. "Am I supposed to hear something?" Cow turned her head this way and that way so that the huge old bell around her neck jingled and jangled. It created a very loud noise which rolled across the dewy fields.

"That's exactly what I mean," said Chicken. "There are no other animal sounds on this farm. And why do you think that is?"

Cow continued chewing her cud while considering the question.

"Because," Chicken rudely interrupted Cow's thinking, "the farmer has shipped all our friends and family off to the slaughterhouse."



Cow got such a fright that she swallowed the cud she was chewing in one big gulp. This made her burp loudly and in a very unladylike manner!

"We have to escape because one of us is next! We need to get away before that happens," Chicken said.

"Escape?" Cow asked while looking at Chicken with big eyes.

"Yes, we must escape tonight! But we must be careful of the farmer. We must make sure he

does not hear nor see us leaving," said Chicken. Cow nodded in agreement.

That evening, as soon as the lights in the farmhouse went out and they could hear the farmer snoring, Chicken and Cow set off.

Chicken used her beak to hold onto the clapper of the bell around Cow's neck. They had to be as quiet as possible if they wanted their escape to be successful.

Once they were in the Great Green Wood, Chicken let go of Cow's bell and they stood silently listening for a while. They had no idea where they were going and they were a bit scared.

From a branch above them, came the call of a swallow.

"Hey strangers! Here! Up here! Are you lost ...?" Swallow wanted to know.

"No, we are not. We are escaping from the farm because the farmer had all our friends and family sent to the slaughterhouse. One of us, if not both, is

next, so we decided to escape," answered Chicken.

"Not wise, not wise," called Swallow from above. "The Great Green Wood is full of wild animals and this is the time the big cats roam around looking for a delicious meal – such as a tasty cow or chicken. You are running from a bad situation to an even worse one, I would say."

"Well, we can't go back ..." Cow said, looking around anxiously.

"Why not?" Swallow chattered. "All you have to do, is show the farmer that there is a better way."

"A better way?" clucked Chicken. She could not believe what she was hearing.

"Yes," said Swallow. "Remember that I am the advisor to the King. I know these things. You need to show the farmer your real value."

For the rest of the evening the three sat together thinking and talking and coming up with a plan.

Now, luckily the Great Green Wood was a place of magic where anything was possible, so Swallow sent all the birds of the forest out to gather as many vegetable seeds as they could find.

With all the seeds gathered carefully, Swallow looked at the two friends.

"You have to take all these seeds back to the farm and plant them in the fields the farmer has prepared. But each seed must be in the ground before the magic hour." Swallow looked at Chicken and Cow and up at the moon. "You must be quick. There are a lot of seeds here and not much time."

Chicken and Cow struggled to carry all the seeds between just the two of them, but before long they were busy in the fields planting the seeds as fast as they could.

Just as Chicken was covering the last of the seeds with some soil, the magic hour struck and Unkulunkulu opened the sky. Soft rain fell on the newly planted fields and all the differing kinds of seeds started sprouting and growing. Soon there were vegetables growing as far as you could see. The farmer's fields looked wonderful.

When the farmer walked out to his fields that morning, he could not believe his eyes. Not only were there baskets of fresh vegetables lined up in neat rows, but there were also plenty of eggs and many buckets of fresh milk. Chicken and Cow stood nearby looking very proud, and the farmer knew this was all the result of their hard work.

The farmer was very grateful and from that day on, the farmer, Chicken and Cow lived happily together on the farm.



Get story active!

★ Choose a part of the story that does not have an illustration and draw a picture for it. Copy out the words of the story that go with your picture or ask someone to help you do this. Paste the page with the story to the bottom of your picture.

- ★ Pretend that you are Cow and Chicken. Write a thank you letter to Swallow for helping you.
- ★ Start your own small garden in a plastic bottle. Lay the bottle on its side and cut off the side facing up. Put good soil in the bottle. Plant a few beans and water them. Place your garden in the sun.

Okokuzithokozisa kwakwaNal'ibali

Nal'ibali fun



1.

☉ Sika lesi sithombe bese usinamathisela maphakathi nendawo ekhasini elikhulu lephepha. Yibe usudweba isiyingi ozobhala kuso lokho okucatshangwa ngumuntu ngamunye osesithombeni. Kulesi siyingi somcabango, dweba ikhava yangaphambili yencwadi ocabanga ukuthi ngamunye wabo uyayifunda. (Ungakhohlwa ukubhala isihloko sencwadi ekhaveni yayo!)

☉ Cut out this picture and paste it in the centre of a large sheet of paper. Then draw a thought bubble for each character in the picture. In the thought bubble, draw the front cover of the book you think each of them is reading. (Don't forget to write the book's title on its cover!)



2.

Yini oyifundile?



- ☉ Sika iphepha lokubhala irekhodi lokufunda elingezansi bese ubhala igama lakho kulo.
- ☉ Thola izindaba ngezansi ku-www.nalibali.org. Cela ingane endala noma umuntu omdala ukuba akusize uma kudingeka.
- ☉ Dawuniloda izindaba futhi uzifunde nomuntu ovame ukukufundela.
- ☉ Gcwalisa iphepha lakho lokubhala irekhodi lokufunda ukuze ubonise ukuthi uyijabulele kangakanani indaba ngayinye.

What have you read?

- ☉ Cut out the reading record sheet below and write your name on it.
- ☉ Find the stories below on www.nalibali.org. Ask an older child or an adult for help if necessary.
- ☉ Download the stories and read them with the person who usually reads to you.
- ☉ Complete your reading record sheet to show how much you enjoyed each story.

Igama lendaba / Name of story	Uyijabulele kangakanani le ndaba? / How much did you enjoy the story?
UTimi kanye nomgundi wezinwele / Timi and the barber	
Unja / Dog	
Usuku esiyohlale silukhumbula / A day to remember	
Indlela yokuba yiqhawe elikhulu / How to be a superhero	
Umlingo wezinwele / Hair magic	
(Indaba oyithanda kunazo zonke) / (Your favourite story)	

Nal'ibali ilapha ukuba inikhuthaze futhi inisekele. **Sithinteni** nganoma iyiphi yalezi zindlela:
Nal'ibali is here to motivate and support you. **Contact us** in any of these ways:

www.nalibali.org www.nalibali.mobi [nalibaliSA](https://www.facebook.com/nalibaliSA) [@nalibaliSA](https://twitter.com/nalibaliSA) [@nalibaliSA](https://www.instagram.com/nalibaliSA) info@nalibali.org

Produced by The Nal'ibali Trust. Translation by Mosekola Solutions. Nal'ibali character illustrations by Rico.

UMLAZI
EYETHU

EASTERN CAPE
RISING SUN

POLOKWANE
OBSERVER



Drive your
imagination

